# INHLIZIYO YOMUNTU

**IThempeli likaNkulunkulu noma ishabhu likaSatane.**
**1 uJoh. 3: 4-10**

Lena kakusiyona incwadi entsha. Yavela eFrance enkathini yeminyaka engama-200 eyedlule. Isilethe ukukhanya kanye nezibusiso ezinkulu emiphefumulweni eyizinkulungwane. Ibe njengesibuko sikamoya lapho abesilisa nabesifazane bezibuke khona ukubona isimosabo sikamoya kanjengokuba uNkulunkulu esibuka. Abaningi sebezibonile izinhliziyo zabo ezinezono base bephenduka bathola inhliziyo entsha kanye nomoya omusha ngaphakathi kubo.

Usafunda lencwadi, sengathi ungakhumbula ukuthi iyisibuko senhliziyo lapho ufunda khona ukwazi ukuzibona wena luqobo lwakho. Noma kambe ungumhedeni, uMkristu noma umhlubuki, uzobona umfanekiso wakho uqobo njengalokhu uNkulunkulu ewubona. UNkulunkulu kabheki umuntu. Ubheka enhliziyweni yomuntu kungesikhona ebusweni noma kambe umbala wesikhumba sake.

Copyright ANCP

USatane nguyise wawowonke amanga, inkosi yobumnyama nonkulunkulu walomhlaba. Uyaziguquguqula abe yingelosi yokukhanya kepha ebengesiyona ingelosi yokukhanya njengoba abaningi bethanda ukumfanekisa, bese beba nesicunulo emfanekisweni lapho uSathane eveswe khona ngesimo sakhe seqiniso. Njengasezinsukwini zakudala, kunjalo namanje, baningi impela abapostoli bamanga, izisebenzi ezikhohlisayo, eziziguqula zibe njengabapostoli babaKristu, kungamangalisi ngokuba uSathane uqobo lwakhe usuke eseguquke ingelosi yokukhanya. 2 Khor. 11:13,14. USathane uthuntubeza amehlo nemiqondo yabantu ukuze bangaluboni uthando lukaNkulunkulu, inkazimulo nobukhosi bukaNkulunkulu, bangamboni noMsindisi wabo uJesu Kristu. 2 Khor. 4:4. Abantu asebequndwe ngunkulunkulu walelizwe kabakwazi ukubona ukuthi bagijimela ekubhujisweni kwaphakade, egeheni laphakade lesihogo elivutha isolufa. Bafile kuNkulunkulu babuswa ngumoya wenkosi

yalomhlaba. Efes. 2:2.

INdodana kaNkulunkulu yabonakaliswa ngalokhu, ukuze ichithe imisebenzi kaSathane. 1 uJoh. 3:8. Ngakho thobelani uNkulunkulu kepha nimelane noSathane khona uyokunibalekela; sondelani kuNkulunkulu, kona uyakusondela kinina. UJakobe 4:7,8.

Usafunda lencwadi ubheka futhi nasemifanekisweni yayo, ungabheka enhliziyweni yakho. Vumela inhliziyo yakho ukuba iphenywe ubone isimo sayo. Uma uthola ukuthi inhliziyo yakho imbi futhi inezono, ungayiphiki futhi ungayifihli, kepha vuma uzivume nezono zakho. Uma sithi asinasono, siyazikhohlisa, neqiniso alikho kithi. Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlumbulule kukho konke ukungalungi. Uma sithi asonanga, simenza umqambimanga, nezwi lakhe alikho kithi. 1 uJoh. 1:8-10.

Zithobe wena ngaphansi kwesandla esinamandla sikaNkulunkulu ukuze akuthethelele izono zakho akuhlanze wena egazini elimangalisayo likaJesu Kristu.

Ungobuswa nguNkulunkulu noma uSathane. Uyisigqila sesono noma uyinceku kaNkulunkulu. Uma isono sibusa impilo yakho, ungakwenqabi lokho. Khala kuNkulunkulu ozokukukhulula ngoJesu Kristu oweza kulelizwe ukusindisa izoni, ukuvula amehlo ezimpumputhe, ukusikhipha ebumyameni nobumnyama kithi. Weza ukusingenisa ekukhanyeni kwakhe okumangalisayo. UJesu wezela ukuzosikhulula emandleni esono nakaSathane. Ngaye sinokuthethelelwa izono zethu. Umi phambi kukaNkulunkulu oyiNgcwele obona nowazi zonke izimfihlakalo zakho kanye nezenzo zakho ezifihlakeleyo kanye nemicabango yakho yonke. Ungeke uzifihle nemisebenzi yakho kuNkulunkulu. Yena owabeka indlebe akayikuzwa na? Yena owenza iso akayikukunaka na? AmaH. 94:9. Ngokuba amehlo akhe aqaphele izindlela zomuntu, uyabona ukuhamba konke kwakhe. Akukho ubunyama alikho nethunzi lokufa, lapho abenza okubi bengacasha khona. UJobe 34:21,22. Ngokuba amehlo kaJehova azula emhlabeni wonke, ukubon-



Copyright ANGP

akalisa amandla kubo abanhliziyo yabo iphelele ngakuyena. 2 IziKhr. 16:9; uJoh. 2:24.

Uyabusiswa yena okuphambeka kwakhe kuyekelwa, nokona kwakhe kusibekelwe. Uyabusiswa lomuntu uJehova angambalelanga ububi, ayiko nenkohliso emoyeni wakhe. AmaH. 32:1-5. Funda futhi AmaH. 51. UJesu usabiza nanamuhla: "Zanini kimi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza." UMat. 11:28.

## UMFANEKISO WOKUQALA

Lomfanekiso uveza inhliziyo yomhedeni noma isoni, wezwe, ongazalwanga kabusha oyindoda noma owesifazane oqhutshwa ngumoya walelizwe kanye nezifiso nezinkanuko zenyama. Lesi yisibuko seqiniso senhliziyo yakhe njengalapho uNkulunkulu eyibona ngakhona. Amehlo akhe abomvu akhombisa ukuthi uyisidakwa. Funda IzAga 23:29-32. "Ubani onosizi? Ubani onamehlo ajamayo na? Yibo abalibala ewayinini; abahamba befuna iwayini elixubanisiweyo. Ungalibheki iwayini nxa libomvu, nxa libonisa iso lalo endebeni, nxa lihamba kabuthelezi. Ekupheleni liyaluma njengenyoka, lihlabe njengubululu. Amehlo akho abona isifebe, nayo inhliziyo yophimisela okuyize.

Copyright ANGP

Ngezansi kwekhanda ubona inhliziyo yomuntu lapho kukhona khona izilwane ezikhuluma ngezono eziningi ezahlukheneyo enhliziywени yomuntu, lapho zihlezi khona. Inhliziyo yisihlalo (igumbi noma igqugwane) lezono zethu. Uthi uNkulunkulu: "Inhliziyo iyakhohlisa kunakho konke; yonakele kakhula; ubani onganziyo?" UJer. 17:19. UJesu uqobo lwakhe wathi: "Ngokuba ngaphakathi enhliziyweni yabantu kuphuma imicabango emibi, ubufebe, ukweba, ukubulala, ukuphinga, ukufisa, ukushinga, inkohliso, ugungabi namahloni, iso elibi, ukuhlambalaza, ukuzindla, ubuwula. Zonke lezo zinto ezimbi zivela ngaphakathi." UMarko 7:21-23.

**IMPIKOKO:** Isilwane sokuqala impikoko. Iyinyoni enhle kakhulu nezimpaphe zayo ezimibalabala, lapha ikhuluma ngesono

sokuziqhayisa. ULusifa ikherobhimi (ingelosi) eyayigcotshiwe, owayephathele uNkulunkulu ukukhanya, eyingelosi kaNkulunkulu, wawa ngenxa yokuziqhayisa waba yisitha sikaNkulunkulu, uSathane. Isaya 14:9-17. USathane yingelosi yobumnyama, akaseyiyo ingelosi yokukhanya.

Ukuziqhayisa kuziveza ngezindlela ezingingi. Abanye baziqhayisa ngomcebo wabo, ngezinkomo zabo, izimvu, izindlu noma amazwe, ngezingubo zabo ezidulile, ngobuso babo obuhle nemizimba, abajwayele ukuyenekela emahlazweni ashaqisayo. Abanye babambelela ekuziqhayiseni ngobuzwe babo, ngezinga lemfundo yabo, ngamandla omzimba, kanye nempumelelo yabo kwezomhlaba, umbala wesikhumba sabo, nezinye izinto eziyize. Abanye balinga ukuzenza babebahle ngamabhengela, amacici, nokuziloba ebusweni nasemzimbeni nokuwusika, kepha uNkulunkulu wawudala uphelele UNkulunkulu umelana nabazidlayo, kepha abathobe kileyo ubapha umusa. Ukuzidla nokuziphakamisa uNkulunkulu uyakuzonda. IzAga 8:13. Ukuzidla kuyandulela ukubhujiswa, nomoya ozikhulisayo uyandulela ukuwa. IzAga 16:18.

**INJA:** Inja ikhombisa ukulangazelela ukuphinga, imikhuba yokonakala, ubufebe, nokuhlobonga. Noma yikuphi lapho inja ihamba khona iyazingcolisa. Abantu abaningi banjalo. Lapho behamba khona baqala ukuqomisa benze uthando kwababulili obungafanani nobabo. Ukuhlobonga nobufebe sebandile kakhulu kulaamalanga obubi. Abantu abasa abakwazi ukuzithiba, ngisho nabafelokazi abaningi baphila ebufebeni. Isono saseSodoma sesibambe impilo yezinkulungwane ukugcwalisa amazwi kaJesu awashoyo ukuthi izinsuku zokugcina zizakuba njengezinsuku zeSodoma neGomora. AmaZulu kanye nabeSuthu nezinye izizwe ziyaye zibize umuntu okhohlakele nophingayo "INJA". Umuntu onjalo akayi kwamukela umbuso kaNkulunkulu ngokuba ngaphandle kukhona izinja, nabathakathi, nezifebe, nababulali, nabakhonza izithombe, nabo bonke abathanda nabenza amanga. Isambulo 22:15. Ngakhoke **balekelani** ukuhlobonga. Sonke isono umuntu asenza ngaphandle komzimba, kodwa lowo owenza isono sokuhlobonga wona umzimba wakhe uqobo. "Ngani?" Anazi yini



Copyright ANCP

ukuthi niyithempeli likaNkhulunkulu? Uma umuntu echitha ithempeli lika Nkulunkulu, uNkulunkulu uyakumchita yena, ngokuba ithempeli likaNkulunkulu lingcwele; niyilo-ke nina," 1 Khor. 3:16-18; 6:15-20.

**INGULUBE:** Ingulube ikhombisa isono sokudakwa nokuminza. Ingulube idla konke ehlangabezana nakho endleleni yayo. Ayikhethi phakathi kokuhle nokubi, njengabantu abaningi abadla izilwane ezizifeleyo, noma zibulewe ukugula noma ezikhanyiwe. Badla igazi, amagundane namabuzi nezinye, lezo athi uNkulunkulu singazidli. Izenzo 15:20, Isaya 66:3-7. Ngaphezu kwalokho, zingcolisa imizimba yabo, okuyithempeli likaNkulunkulu, ngokuhlafuna, nokubhema ugwayi wempuphu, noma ukubhema ogwayi abangcolile noma "Insangu", ongcolisa nowenza ubuthi egazini, ubaholele emikhubeni yobubi. USathane ubagcina ebabophile ngenkanuko yokubhema, kungamandla kaNkulunkulu ukuba yinoma yimuphi owesilisa noma owesifazane akhululeke kulemikhuba emibi nehlazisayo. Abantu abasha nabadala abacabangi lutho ngokudakwa yiziphuzo ezidakisayo njengotshwala, iwayini nobhulandi. Noma kunjalo, kasikho isidakwa esiyozuza umbuso kaNkulunkulu. Utshwala kabusikhona ukudla, buluphuzo olubhubhisayo oluphambanisa umqondo, kuthi labo abaphuzayo benze izenzo zobuphukuphuku. Baba yizonakali babulale nokubulala, babulale nabanye, ebebengeke bakwenza. "Iwayini liyisedeleli; okuphuzwa okunamandla kuveza umsindo, odukiswayilo akahlakaniphile." (IzAga 20:1). Njengomthetho kaMose, umuntu enendodana eshingayo embi, engavumiyo ukulalela, iyisidakwa, yayikhandwa ngamatshe ife. UDut. 21:19-21. Labo abaphuza utshwala noma ezinye iziphuzo ezinamandla banecala njengalabo abathengisayo nababuphuzayo, ngokuba izwi likaNkulunkulu lithi: "Wo, kubona abaphuza kakhulu iwayini, namadodana anamandla ukuxubanisa uphuzo olunamandla." UIsaya 5:22. "Maye, kuye ophuzisa umhlobo wakhe, wena ophungula ukuphuza okuvuthayo kwakho kube ukumdakisa." UHabakuki 2:15. "Ningadukiswa. Nazifebe, nabakhonza izithombe, naziphingi, nazihlobongi, nabesilisa abalalanayo, namasela, nabahahayo, NAZIDAKWA, nazithuki, nabaphangi, abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu." 1 Khor. 6:9,10.

Copyright ANGP

"Kepha imisebenzi yenyama isobala, engukuthi: Ubufebe, nokuthakatha, nomona, nokuthukuthela, nokudakwa, **nokuxokozela** nokunjalo. Abenza okunje abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu. AbaseGal. 5:9-21. "Ningadakwa yiwayini, kuvela kulo umhumheko, kodwa nigcwaliswe ngoMoya." Efes. 5:18. Kulabo abomile uJesu umthombo wenza lesisimemezelo: "Uma ekhona owomileyo akeze kimi aphuze, amanzi aphilayo," UJoh. 7:27,38. "Ayi, nina nonke abomileyo, wozani emanzini, naye ongenamali; woza, thenga, udle; yebo, woza, thenga iwayini nobisi ingekho imali nanani. Niyichithelani imali kukho okungeyiso isinkwa na? Namandla enu kukho okungadelisiyo na? Isaya 55:1,2.

**UFUDU:** Lesisilwane esihamba kancane sikhuluma ngesono sobuvila, ukulayezela, nokuthakatha. Ukungakholwa kunjengesono sokuthakatha. Lowo ovilaphayo uwela emalingweni anhlobonhlobo. Uzokweba kunokuba asebenze, okudonsela ekubulaleni. Ubuvila bomphefumulo busiholela ekubeni singathandazi, singalifundi iBhayibheli, singayi nasesontweni. Kusivimbela ekubeni singaphenyi izwi likaNkulunkulu lapho sinokuphila okungunaphakade khona. Ukuyalezela kuyisela lesikhathi, kuholela ekubhubheni ekugcineni. Uma lapho uNkulunkulu esekhulumile nawe, mnike inhliziyo yakho uNkulunkulu namuhlanje, ebese uyafika uSathane ethi, hlehlisa umnike yona ngakusasa, noma kambe ngelinye ilanga elifaneleyo lelo! Maye, alisoze lafika. Uyohlehlisela kolunye usuku, nakomunye unyaka kuze kukufice ukufa ungalindele, ufe ngaphandle kwensindiso, nangaphandle kukaKristu. Kungakho uNkulunkulu ethi: "Namuhla, uma nilizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni izinhliziyo zenu." (Heb. 3:7,8).

Ugobolondo lofudu luvamise ukusetshenziswa yizinyanga, lukhuluma ngesono sokwethemba nasekusebenziseni ubuthakathi nobungoma kunokwethemba kuNkulunkulu ophilayo. Kunokuba kumenyezwe uNkulunkulu ophilayo ezikhathini zokugula nokuhlupheka, abantu babeka ithemba labo ezithixweni, izingxabo, amatshe, izimpondo noma kambe kwezinye izinto ezifile ezinconywa yinyanga, kanti-ke kufanele bakholwe kuMenzi noMsindisi wabo. UNkulunkulu wayala abantwana bak-


Copyright ANGP

waIsraeyeli ngokuthi: “Ungavumi ukuba isanusi siphile.” Eks. 22:18. “Makungafunyanwa phakathi kwenu namunye owenza indodana noma indodakazi yakhe idlule emlilweni noma obhulayo, nohlola izikhathi, noyinyanga nomuyengi wezinyoka, nesanusi. Nonemilingo, nokhuluma nabafileyo, nomthakathi, nonemilozi. Ngokuba bonke abenza lezi zinto bayiSINENGISO KUJEHOVA.” uDut. 18:10-12. “Nalowo ohambela kwaba izanusi nakuzo izinyanga ukuba aphinge nabo; ngiyakubheka lowomuntu, ngimnqume kwabakubo. Ngako zingcweliseni, nibe ngcwele; ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wenu.” Ulev. 20:6,7. “UJesu Kristu nguyea kuphela umphilisi womoya nomphefumulo kanye nomzimba, othethelela zonke izeduko zethu nophilisa izifo zethu.” AmaH. 103:1-3.

Usafunda lencwajana encane, uNkulunkulu ukhuluma kuwe, ekutshela ukuba uphenduke ezonweni zakho, unikele impilo yakho kuNkulunkulu, kepha umoya wofudu okuwe, uyakuhlebela uthi: Musa ukuphangisa, ungazinikeli namuhla, ungakwenza lokho kusasa, ngesonto elizayo, nangonyaka ozayo kuyobe kulungile, buza kumyeni wakho kuqala. uzwe ukuthi umkakho noma uyihlo bazothini, shada kuqala, usoke naba ntwana bakho kuqala. Kunokuba ulalele izwi likaNkulunkulu, ulalela ngendlebe yakho enzwini likaSathant elikhohlisayo. Ngokwenze njalo, uqinisa inhliziyo yakho, ize ibelukhuni njengoqobolondo lofudu.

**INGWE:** Lesi yisilwane esesabekayo nesomele igazi. Ikhuluma ngolaka, ukwesabeka nesifudufudu solaka, nokubulala, nokunjalo, okusenhliziyweni yomuntu. Yinoma ngubani obuswa ulaka olubi kanye nomoya wentukuthelo ongaholela ezenzweni ezimbi, ekwethukeni nasekuqalekiseni, kwesinye isikhathi abulale. Ngokuvamile umuntu ujwayele ukuba aphuze uma ekulowo moya omubi wobuSathane, esaphuza utshwala noma ubhulandi, ukuze angakwazi ukuzithiba. Amagwala amaningi ayaye aphuze kuqala ukuze athole isibindi sokuba enze ububi noma afeze umcabango wobubi noma ukuphindisela. “Isivini sabo siyisihlungu sengwenya nenyongo ebabayo yebululu.” UDut. 32:33. Ukuphindisa kuwuju enhliziyweni enezono, kepha uNkulunkulu nguyena umphindiseli wethu. UJesu uthi:



Copyright ANGP

“Thanda izitha zakho.” Unkulunkulu wethembisa ukusithethelela izono zethu una nathi sibathethelela abasonayo.

**INYOKA:** Lesisilwane esake saba sihle sakholisa uAdamu e noEva ensimini yaseEdeni, ukuze sibulale ubudlelwano obumnandi phakathi kwabo noNkulunkulu. USathane waba nomona ngenkathi ebona uthando lukaNkulunkulu athanda ngalo owesilisa nowesifazane bokuqala, nokuthi wayebabeke ababusi phezu komhlaba wonke esikhundleni sikaLusifa, uSathane. Ngenxa yenzondo uSathane waqopha isu lokuba ahlikize, ubudlelwano obumangalisayo phakathi kwempilo yabo noNkulunkulu. Ngokunjalo ubutha obubulalayo nomona omubi okusenhliziyweni yakho nasempilweni yakho okuthunaza injabulo yakho, lapho ubona abanye bephila ngentokozo behlala ngokwenwabisayo. Nazo izisebenzi zamaKristu kumele ukuba ziqaphele kahle ngalomoya wobusathane wenzondo lapho uNkulunkulu ebusisa ezinye izisebenzi zakhe kunawe. Umona ufaka imicabango eminingi emibi ehliziyweni yakho ukuba uthakathe abanye, ukuqeda nokubulala injabulo yabo, nokubulala labo onomona nabo. Umona phakathi kwendoda nomkayo, ungawuchita umuzi kanye nayoyonke impilo yabo. Isikhwele sinonya njengengcwabo. Isihl. sikaSolomoni 8:6.

**IXOXO:** Ixoxo lidla umhlabathi, likhuluma lapha ngesono sobuqonqela nokuthanda imali nengcebo, okuyimpande yabobonke ububi. 1 uThim. 6:10. Amaxoxo athile kuleliyana laseCongo abonwa edla izibonkolo aze aqhume afe. Oyiqonqela akathandi ukwahlukanisela aphe nabampofu nabesweleyo. Ulinga ngakho konke, ngezindlela ezilungile noma ezingalungile ukuqoqa nokuzuza ingcebo yonke yalomhlaba, leyo ezodliwa ukuthomba nokugqwala nenundu, namasela ayebe. UJesu wasitshela ukuthi, masizibekele umcebo ezulweni lapho amasela engangeni khona ukuzokweba, ngokuba lapho ifa lakho likhona, nenhliziyo yakho ikhona lapho futhi. UMat. 6:19-21. UAkani nabendlu yakhe babhubha ngoba bathanda igolide nesiliva kanye nezingubo ezidulile, bathabatha lokho okwakuqalekisiwe. UJoshua 7. UJuda Isakriyothi, umfudi kaJesu, wabhubha ngokuba wathanda imali kakhulo kunoJesu. UMat. 27:3-5.

Copyright ANCP

**USATHANE:** Unguyisa wamanga onke nalabo abaqamba amanga. Ungumelusi wazozonke lezo zilwane kanye nombusi wenhliziyo. UJesu uthi: "Nina ningabakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanuko zikayihlo." UJoh. 8:44.

**INKANYEZI:** Inkanyezi ikhuluma ngonembeza osenhliziyweni yomuntu wonke. Lapha imnyama ingcolile yisono, nemikhuba emibi, ukuze ingakwazi ukwenza umsebenzi wayo ngokulungileyo. Heb. 10:22.

**ISO:** Iso likaNkulunkulu likuyoyonke indawo, libona konke okusenhliziyweni. Kakukho elingenakho ukukubona iso likaNkulunkulu. Ngako-ke uyazi futhi ubona konke okuyimfihlo nemicabango kanye nezizindlo ebusuku obumnyama, ehlathini eliminyene, noma emseleni ojulile noma ephi naphi, uNkulunkulu uyabona.

**INGELOSI:** Ingelosi imele izwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu ukhuluma nesoni esidukileyo asitshele ukuba siphenduke sivumele ukukhanya kukaNkulunkulu ukuba kungene enhliziyweni yaso. UNkulunkulu ukhuluma kuwe futhi, mfundi othandekayo ngayo lencwadi.

Copyright ANGP

**IJUBA:** Lenyoni ehlanzekile, ethambile, nengenangozi iyisibonakaliso soMoya oNgcwele, seqiniso esilwa nesono nokungalungi nokwahlulelwa. UMoya oNgcwele kulomfanekiso ungaphandle kwenhliziyo. Kawukwazi ukuhlala lapho isono sibusa khona.

**IZILIMI EZINCANE ZOMLILO:** Izilimi ezincane zomlilo ezihaqe inhliziyo yomoni, zikhuluma ngothando lukaNkulunkulu oluhaqe inhliziyo enezono, ngokuba uNkulunkulu akafisi ukuba umoni abhubhe kepha ukuba aphenduke aphile. UJesu weza ukuzosindisa umoni. Injabulo enkulu ezulweni ngesoni sinye esiphendukayo. UNkulunkulu uthanda ukuhlanza inhliziyo ngegazi leNdodana yakhe eyodwa, uJesu Kristu, lezo izilinyana ezingumfanekiso wakho. Uthando lukaNkulunkulu luthanda ukungena inhliziyo ebandayo, nefileyo.

UJesu umi emnyango wenhliziyo uyangqongqotha. Uma umvulela uzongena ehliziyweni yakho ayihlanze akwenze okhuluIiwe.

## UMFANEKISO WESIBILI

Lomfanekiso ukhombisa umuntu oseqala ukuphenduka afune uNkulunkulu. Ingelosi iphethe inkemba, izwi likaNkulunkulu eliphangisayo, elinamandla, elibukhali kunenkemba esikanhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomnkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. Heb. 4:12. Izwi likaNkulunkulu limkhumbuza ukuthi inkokhelo yesono ukufa, nokuthi kumiselwa abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa. Heb. 9:27. Indawo yesoni nongakholwa kusechibini lomlilo elivutha ngesolufa.

Ngesinye isandla ingelosi iphethe inhloko, amathambo afileyo ekhanda. Lokhu kukhumbuza umoni ukuthi sonke simelwe ukufa. Imizimba yethu esiyithanda kangaka, esichita isikhathi esingaka siyinaka ngezivatho nokuyipha ukudla, senze konke ukuba sigculise izinkanuko zayo kanye nalokho ekuqalekelayo, lomzimba uyakufa, ubole. Izimpethu zizowudla, imiphefumulo yethu yona iyokuma ekwahlulweni esihlalweni sikaNkulunkulu. Umoni useqala ukulalela izwi likaNkulunkulu eliyalayo, inhliziyo yankhe iyavuleka ivulekela uthando lukaNkulunkulu. UMoya oNgcwele uyaqala ukukhazimula enhliziyweni emnyama. Ukukhazimula enhliziyweni emnyama. Ukukhanya kukaNkulunkulu kuyangena kuqale ukuxosha ubumnyama. Lapho kungena khona ukuhanya, ubumnyama buyaphoqeka ukuba bubaleke. Ukushisa kothando lukaNkulunkulu kuqala ukufudumeza inhliziyo eqandayo. Isono esibonakaliswa yizilwane ezahlukeneyo, siyabaleka.

Moni, vumela uJesu, ukukhanya kwezwe, angene enhliziyweniyakho, ubumnyama nezenzo zobumnyama kuzoyidedela inhliziyo njengoba ubona emfanekisweni. UJesu wathi: “Mina ngingukukhanya kwezwe; ongilandelayo kasoze ahamba ebumnyameni, kodwa woba nokukhanya kokuphila.” UJoh. 8:12.

Copyright ANGP

"Wo kulabo abathanda ubumnyama kunokukhanya." Kwathi uJesu angene ethempelini eJerusalema, wabaxosha bonke labo ababethengisa izinkabi, izimvu namajuba, wachitha nababehlezi betshintsha imali ethi: "Susani lokhu lapha, ningayenzi indlu kaBaba indlu yokuthengelana." UJoh. 2:3-17. Indlu yinhliziyo yakho. UJesu kezanga nje ukuzosithethelela izono, kepha weza ukuzosisindisa, asikhulule emandleni amademoni esono. "Ngakho-ke uma iNdodana (uJesu) inikhulula, niyakuba ngabakhululekileyo impela." UJoh. 8:36.

## UMFANEKISO WESITHATHU

Lapha sibona inhliziyo yesoni esiphenduke ngempela. Uzwa abone ubukhulu nobubi bezono zakhe eziningi lezo uJesu abethelelwa zona esiphambanweni. Lapho ebheka esiphambanweni leso ingelosi, izwi likaNkulunkulu, elizambula kuye, inhliziyo iyephuka. Uthando lukaKristu Jesu lubonakaliswe kuye luncibilikise inhliziyo yakhe, ikakhulukazi uma ekhumbula ukuthi uJesu Kristu, iMvana kaNkulunkulu, uze ukuzothabatha izono zakhe eziningi, wavuma ukufa esiphambanweni esikhundleni sakhe. Iqiniso lokuthi uJesu wahlushwa, wathweswa umqhele wameva, wabethelwa izipikili zonya ezadabula izandla zakhe nezinyawo, walenga esiphambanweni ngenxa yezono zethu, kudabula inhliziyo yesoni esiphendukileyo. Lapho efunda elalela izwi likaNkulunkulu, uyazibona yena esibukweni sikaNkulunkulu, abone ukuthi inhliziyo yakhe imnyama futhi inezono kangakanani. Lokhu kuyayihlaba inhliziyo yakhe enosizi nomphefumulo onosizi, kumenza akhale ngezono zakhe, uNkulunkulu asondele eduzane kwakhe. Uthando nokuthula kukaNkulunkulu kungena enhliziyweni yakhe leyo igazi likaJesu Kristu eliyihlanzile kuzozonke izono. Uqala ukubona ukuthi iNkosi iseduze kulabo abazinhliziyo zaphukile, usindisa abamphefumulo ezisolayo. AmaH. 34:18. Uyaphilisa abadabukileyo enhliziyweni abophe izilonda zabo. AmaH. 147:3. Futhi izwi likaNkulunkulu lithi: "Kodwa ngobheka kulomuntu kuyena ompofu nonhliziyo ithambile, ethuthumelayo ngezwi lami." Isaya 66:2.

UMoya oNgcwele kanye nothando lukaNkulunkulu kubusa



Copyright ANGP

inhliziyo esihlanjululiwe. Ebuka ngokukholwa esiphambanweni, nasegazini likaJesu, elachithekela izono zethu. Uqala ukubona ukuthi izono zakhe zithethelelwe, athole ukuqiniseka enhliziyweni yakhe ukuthi igazi likaJesu iNdodana kaNkulunkulu. Limhlanzile kuzozonke izono. UJoh. 1:7. Okholwa kuJesu kayikubhubha kodwa woba nokuphila okuphade. Funda 1 Abase-Khor. 6:10,11. KuJesu esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono, ngokwengcebo yomusa wakhe. Abase-Efesu 1:7. Sekukhona umoya omusha enhliziyweni yakhe, kusukela manje nangesikhathi esizayo kasalithandi izwe nezinto zalo kepha ulangazelela izinto zikaNkulunkulu, ogcwalise inhliziyo yakhe ngothando lwakhe. Izilwane, okuyikuthi izono zakhe, zingaphandle kwenhliziyo yakhe, noma kambe uSathane uqobo lwakhe eyilokhu enqikaza ukuphuma, uyilokhu ebheka emuva ethembe ukuthola indawo yokungena futhi. Kanjalo sitshelwa ukuba silinde sikhuleke, ukuba sibe nokulwa noSathane ukuze abaleka kithi.

## UMFANEKISO WESINE

Lomfanekiso ukhuluma ngoMkristu osethole ukuthula kweqiniso nokuhlengwa ngomnikelo weNkosi noMsindisi, uJesu Kristu. Kasathokoziswa ngokunye ngaphandle kwesiphambano sikaJesu Kristu, okubethelwe ngaye izwe kimi, nami kulo izwe. Gal. 6:14. Usebona ngokuphelele ukuthi uJesu wafa esiphambanweni ukuze kuthi nathi sife ezonweni zethu siphile ekulungeni. 1 Petru 2:24. UMkristu ubethelwe kulo izwe. Siyalwa ukuba sihambe ngokukaMoya kungesikhona ngokwezinkanuko zenyama. Gal. 5:12-25. Siyatshelwa ukuthi silandele ukungcweliswa ongenakho angeyibone iNkosi. Heb. 12:14.

Phakathi naphakathi kulomfanekiso ubona insika lapho uJesu bambophela ngemuva kokuba sebemhlubule izingubo zakhe. Ungazibona nezinkalivasi, izihlonti abamshisa ngazo ngonya, ngokuba ukuhlushwa okwakufanele thina kwaba phezu kwakhe. UIsaya 53:11-12. Washaywa ngenxa yezono zethu. Inkosi uHerodi nabantu bayo bambhuqa, ngemuva kokuba bamshise, bamembhesa ngengubo ebomvu. Sebewulukile umqhele

Copyright ANGP

Bethelwe noKristu.
Gal. 2:19.

Ningabafileyo maqon-
dana nesono, kodwa
niphilele uNkulunkulu
kuKristu Jesu.
Rom 6:11.



Copyright ANGP

**BETHELWE NOJESU**

wameva, bamthwesa wona ekhanda esikhundleni somqhele wegolide. Bafaka umhlangana esandleni sakhe soku nene esikhundleni sendebe yamakhosi. Baguqa ngamadolo phambi kwakhe bembhuqa bethi: Bayede, Nkosi yakwaJuda. Bamkhifa ngamathe, bathatha umhlanga bamshaya ngawo ekhanda, Sebembhuqile bamhola ukuyombethela. Baningi ababizwa ngokuthi ngamaKristu athandaza emasontweni, amukela isidlo seNkosi, ahlabelela amaculo kaNkulunkulu, kepha izenzo zabo ezimbi ziyambethela uMsindisi wabo kabusha futhi. Asibo bonke abashoya kimi ukuthi: Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu, kuphela owenza intando kaBaba osezulwini. UMat. 7:21-27. Ungabona nesikhwama semali sikaJuda emfanekisweni. UJuda wamnikela uJesu wamthengisa ngamashumi amathathu esiliva, ngokuba wathanda imali, isimfiphaze yahunga inhliziyo yakhe embi. Izibani namaketango njalo, kwakusetchenziswa ngamasotsha ayezobamba uJesu ebusuku. Amadayisi nawo ayesetshenziswa ngamasotsha ngenkathi enza inkatho ehlulelana ngezingubo zakhe, kuze kugcwaliseke izwi likaNkulunkulu lesiprofetho: "Bahlukanisa izingobo zami phakathi kwabo; nasezambathweni zami baphonsela inkatho!" AmaH. 22:18.

Copyright ANGP

Ngomkhonto isotsha lamgwaza ohlangothini nenhliziyo, kwaphuma amanzi negazi. UJoh. 19:33-37. Ngaphambi kokukhala kweqhude uPetru wayesemphikile uJesu ngaphambi kwentombazane, kepha ngasemuva waphenduka ngezinyembezi ezilusizi. Kungabe uyamfakaza uJesu ngamazwi nangezenzo? Noma kambe uyesaba ukwenza lokho? UJesu uthi: "Ngalokhoke yilowo nalowo oyakungivuma phambi kwabantu, nami ngiyakumvuma phambi kukaBaba osezulwini." UMat. 10:32-33. UJesu wathi futhi: "Uma umuntu ethanda ukuza emva kwami, makazidele, athabathe isiphambano sakhe angilandele." UMat. 16:24. "Nongathabathi isiphambano sakhe, angilandele, kangifanele." UMat. 10:38.

Khon'esiphambanweni
Ngibuk'uMsindisi wam',
Igazi elaphuma
Namanz' ohlangothini,

Ngawo ngithi ngihlanzwe
Ngibe mhlophe ngithi qwa.

## UMFANEKISO WESHLANU

Lapha sibona impilo yomoni osindisiwe wahlanzwa wenziwa ngcwele ngomusa nesihawu sikaNkulunkulu. Iyithempeli likaNkulunkulu, lapho kuhlala khona uNkulunkulu uYise, iNdodana noMoya oNgcwele, kanye njengokusho kukaJesu Kristu ukuthi: “Uma umuntu engithanda, uyakugcina izwi lami, uBaba uyakumthanda; siyakuza kuye sihlale naye.” UJoh. 14:23. UNkulunkulu uyamtusa, ambusise futhi amphakamisa umuntu ngoJesu Kristu. ULuka 1:54.

Inhliziyo isibe yithempeli likaNkulunkulu ophilayo. Izono sezisuliwa. Kunezilwane ezahlukeneyo, ezibuswa uSathane uyise wamanga, sibona uMoya oNgcwele uhlala enhliziyweni. Kunezenzo ezimbi zenyama, inhliziyo manje isinjengensimu nezithelo, nesihlahla esithelayo, esithela, izithelo zikaMoya okuwuthando, intokozo, ukuthula, ukuzithoba, ukubekezela, ukuba mnene, ukulunga, ukukholwa, ukuthobeka, ukuzithiba, nezinye izithelo ezinhle kuNkulunkulu nakubantu.

Copyright ANGP

Useyigatsha elithelayo ngokweqiniso, esivinini seqiniso, iNkosi uJesu Kristu. Imfihlo yokuthela izithelo yikuthi usehlala kuJesu Kristu, noKristu kuye. UJoh. 15:1-10. Ugcina izwi lakhe enhliziyweni yakhe. Esecgwaliswe wababathizwa nguMoya oNgcwele, unamandla okunqoba inyama kanye nenkanuko yayo nokubethela inyama nezinkanuko zayo. Ngamandla kaMoya oNgcwele uyakwazi ukuhamba eMoyeni. Kasaphili ngakubonayo, akuzwayo nakuthintayo, kepha usephila ngokuthemba; ngokuba ukuthemba kuJesu Kristu wukunqoba okunqoba izwe. Uphila ngethemba eliqiniswa ukuphila kwakhe ethembeni lokubuya kweNkosi uJesu Kristu masinyane. Uphila ngothando lukaNkulunkulu oluhlala kuye njalonjalo.

“Babusisiwe abanenhliziyo ehlanzekileyo, ngokuba bayakubona uNkulunkulu.” UMat. 5:8. Inkosi uDavide ngaphezu kwengcebo nokunqoba kwakhe izitha, ngaphezu kokubulala

kwakhe isiqhwaga uGoliyadi nabanye, waba nendingo enkulu enhliziyweni yakhe, esazi ukuthi ufanele abe nayo uma efuna ukubona uNkulunkulu. Wakhala ekujuleni kwenhliziyo: “Mawungenzele inhliziyo ehlanzekileyo, Thixo; uvuse umoya oqinisekileyo ezibilinini zami.” AmaH. 51:10. Kamukho ongazihlanza eyakhe inhliziyo ngaphakathi kwakhe uqobo, ngemizamo yakhe. Kufanele eze kuNkulunkulu ngenhliziyo epheleleyo ngokweqiniso, avume, adele izono zakhe njengoba yenza inkosi uDavide, njengendodana yolahleko eyashiya izingulube yaphindela kuyise yathi kuye ngomoya wokuphenduka: ‘Baba ngonile phambi kukaNkulunkulu naphambi kwakho.’ UNkulunkulu uyafisa nje ukusiza umoni ozayo kuye ngomoya wokuphenduka ngokweqiniso, ngokuba nguNkulunkulu owethembisa ngokuthi: ‘Ngizokunika inhliziyo entsha, nomoya omusha ngizowufaka kuwe. Ngizoyisusa inhliziyo yetshe enyameni yakho, ngizofaka umoya wami phakathi kuwe ngikwenze uhambe ezindleleni zami.’ Leli yithestamente elisha elenziwa nguNkulunkulu walisonga ngegazi leNdodana yakhe uJesu Kristu.

Kulomfanekiso futhi sibona ingelosi izibonakalisa futhi. Ingelosi kaJehova ihlezi ngokuzungeza kubona abamesabayo ibakhulule. AmaH. 34:7; 91:11; Dan. 6:22; Mat. 2:13; 18:10; Izenzo 5:19; 12:7-10. NoSathane uyabonwa futhi kulomfanekiso emi eduzane nenhliziyo, e lindele ithuba lokuphindela angene futhi endlini yakhe. Kanjalo siyatshelwa ukuba silinde sikhuleke ngokuba uSathane isitha sethu, siyahamba njengebhubesi elibhodlayo lifuna elingabagwinya. 1 Petru 5:8. Melanani noSathane khona uyakunibalekela. UJakobe 4:7.

## UMFANEKISO WESITHUPHA

Lomfanekiso ngumfanekiso womhlubuki. Elinye iso seliqala ukuvaleka, elikhombisa ukuthi useqala ukuqanda, nokulala empilweni yakhe yobuKristu, useqala ukunganaki. Elinye iso libheke ngokungenamahloni eceleni kwakhe, ukulinga ukweshela umhlaba. Ukukhanya ngaphakathi enhliziyweni kuya ngokufiphala. Izibonakaliso ezinoKristu seziya ngokunyamalala, futhi kazisemile ngokuqondile. Usephakathi kwa-

Copyright ANGP

malingo, asewavumela kancane kancane kunokuba amelane noSathane. Ulalela izwi lokulinga kunokulalela uNkulunkulu. Noma kambe esaya ezinkonzweni zesonto, elinga ukufihla ubuzwe bakhe, enhliziyweni uyabaleka kuNkulunkulu. Inkanyezi enhliziyweni yakhe, unembeza, kuya ngokufiphala, isiphambano sesingumthwalo onzima. Useqala ukuntengantenga enkolweni yakhe, useyekile nokuqhubeka noNkulunkulu emithandazweni. Useqala ukunganaki ngesimo senhliziyo yakhe, usenikela isikhathi kumlingi ozulazula ezungeza inhliziyo yakhe. Umoya wempikoko usuqala ukufuna indawo yokungena. Useba ngozithweleyo, mhlawumbe usezithwala nanjengoba enguMkristu nje, sekhohliwe ukuthi wasindiswa ngomusa wodwa. Ubudakwa bungqongqotha emnyango bufuna indawo yokungena. Mhlawumbe omunye uyamlinga ukuba athi ukuphuza kancane, noma amtshele ukuthi lobuya tshwala obubuthakathaka bulungile. Kasanakile nokuthi ukuphuza kancane noma kambe bona utshwala obulula kunjengomfudlana omncane ongenela omkhulu wobudakwa. Noma owesifazane owenza utshwala ebenzela umyeni wakhe nabangani ede ecela uxolo yena, ethi ukuphuza akaphuzi yena utshwala, ebaholela abanye ebudakweni ngoba eholwa ngumoya wokudakwa. Ukuhlobonga nobufebe kuza kulinge uMkristu nakho konke okwasesihogweni. Mhlawumbe useqala ukulalela izinkulumo ezingalungile esezimjabulisa, aqale ukukhuluma izinkulumo ezingcolile, esethakasela abangani ababi, esehamba amakhonsathi nemidanso emibi. Mhlawumbe omunye amtshele ukuthi indlela yobuKristu yokudansa noma lapho kudansa khona owesilisa nowesifazane, ilungile kunendlela amaqaba asina ngayo. Kacabangi ukuthi zonke izindawo zokudansa yilapho ukuncola kukhona nokuthi lowo mdanso obizwa ngokuthi owesikholwa yiwona ongcole ukwedlula. Nendlela yokubhema ugwayi esibizwa indlela yamaKristu, imbi ifana nayo indlela yabahedeni yokubhema, ngokuba beqalekela ukubhema emini nasebusuku. UJesu wayengabhemi, noMkristu omlandelayo kabhemi.

USathane umtshela ukuthi ukudlala ngesono akuyisona isono. Ukona kanye, nokwenza isenzo sokungalungi esisodwa kakunangozi, yilokhu umlingi amtshela khona kuze kuthi amade-

Copyright ANGP

moni angcolile ububi athole indawo yokungena enhliziyweni ehlanjululiwe futhi.

Umuntu okumfanekiso ogwaza inhliziyo ngommese, ubonakalisa ababhuqayo nabaqophisana nobuKristu, abahlaba inhliziyo ngamazwi abo aneziswana. Kakwazi ukubekezelela ukubhuqwa nokuklolodelwa ngabantu, ikakhulukazi uma lokhu kuvela kubangani bakhe. Amazwi abo ahlaba inhliziyo yakhe, kuthi njengoba uthando lukaNkulunkulu seluyaqanda, useqala ukwesaba abantu kunoNkulunkulu, ngenxa yokwesaba nokuthi abantu bazothini bacabangeni, usephenduka isigqili sabantu nabahlubuki.

Ulaka nokucunuka okubi kuvele futhi ezikhathini zokuhlupeka kulinge ukuyibusa inhliziyo. Ukwethuka nokuqalekisa kungcolise izindebe zomlomo wakhe ayedumisa ngazo uNkulunkulu. Noma uSathana engathola indawana encane, inyoka yomona iyangena yandise indawo yokungena ukuze ezinye nazo zingene.

Kulula kangakanani ukuvumela uthando lwemali ukuba lungene ehliziyweni yomuntu ngaphandle kokuba sixwayiswe yisexwayiso zeNkosi uJesu owathi: “Lindani nikhuleke ukuba ningangeni ekulingweni.” UMat. 26:41. “Ngakhoke osuka ethi umi, akaqaphela ukuba angawi.” 1 Kor. 10:12. “Hlomani izikhali zonke zikaNkulunkulu, ukuze nibe namandla okumelana namaqhinga kaSathane.” Efesu 6:11-18

## UMFANEKISO WESIKHOMBISA

Lona ukhombisa isimo senhliziyo ehlubukileyo yomuntu. Okuthi ngemuva kokuba eseke wakhanyiselwa esezwile isipho sasezulwini, esenziwe onesabelo soMoya oNcgwele, wayesewa. Futhi ukhombisa isimo somuntu ongazange aphenduke, noma kambe ivangeli lashunyayelwa kuyena lamembulela, kepha uselukhuni enhliziyweni yakhe, waqhubeka nokona.

Lapho uJesu uqobo lwakhe echaza isimo somhlubuki uthi: “Nxa umoya ongcolileyo ephumile kumuntu, uyadabula iz-

indawo ezomileyo, efuna ukuphumula; engakufumani uthi: Ngizakubuyela endlini yami engaphuma kuyo. Uyafikake, ayifumane ishaneliwe, ihlotshisiwe. Khona abesehamba, azithathele abanye omoya abayisikhombisa ababi kunaye, bangene bahlale lapho; ukugcina kwalowo muntu kube kubi kunokwakuqala." ULuka 11:24-27. Kepha kubehlele njengokwesaga esiqinisileyo esithi: Inja yabuyela ebuhlanzweni bayo, nokuthi: Ingulube igezwe qede yaphindela ukuzibixa odakeni 2 Petru 2:22

Lemibhalo ichaza ngokusobala isimo senhliziyo yalomuntu. Isono nayoyonke inkohliso yaso sesizohlala, sakhe, sibuse inhliziyo. Ngisho nobuso bakhe buyakhombisa ukunyiba kwenhliziyo yakhe. UMoya oNgcwele ufanele uyishiye inhliziyo ngokuba bungeko ubudlelwano. Inhliziyo kayikwazi ukuba yithempeli likaJehova nokuba ngumhome kaSathane. Ingelosi, izwi likaNkulunkulu, kufanele kwehlukane nayo ngokudabuka, kubheke emuva kwethemba ukuthi uzakubuye aphenduke njengedodana yolahleko. Yabuyelwa ukuzazi ngenkhathi ihlezi phakathi kwezingulube, yacabanga ukugcwalisa isisu sayo ngamakhasi ayedliwa yizingulube, kepha akubanga bikho umuntu owayipha ukudla. Yakubona ukuhlubuka kwayo, isimo sayo sokulahleka, yaphenduka, yathi: 'Ngiyakusuka ngiye kubaba ngithi kuye: 'Ngonile phambi kukaNkulunkulu naphambi kwakho, kangisafanele ukubizwa indodana yakho. Ngenxa yokuphenduka kwayo kweqiniso nokuzisola ngezono zayo, uyise wayithethelela, wahlaba ithole elikhulushalisiwe, wayamukela.

Kepha kulomkhathi kawukho umoya wokuphenduka ukumsiza ukubuya kuNkulunkulu. Ukuwa ezinyaweni zikaJesu, ukufuna intethelelo nokuhlanzwa. Unembeza wakhe usungazathi ushiswe ngensimbi, wafa. Unezindlebe zokuzwa kepha izwi elincengayo likaNkulunkulu akasalizwa.

Unamehlo okubona kepha akasasiboni isigodi sesihogo leso azoshesha ukuwela kusona. Kasenawo amahloni nokwexwaya ukuqhubeka nezono zakhe obala. USathane usengumbusi wenhliziyo yakhe, usehlezi phakthi kuyona njengenkosi esi-

Copyright ANGP

hlalweni sayo. Mhlawumbe ngaphandle usaqhosha ngesimo esihle njengethuna, kepha eligcwele phakathi kulo amathambo omuntu ofileyo, amathambo nokungcola kwesono. UMat. 23:27. Uyise wamanga usethathe indawo yomoya weqiniso. Zonke izilwane, zonke izono, kunamademoni akho kanye nomoya ongcolileyo ukuzomelekelela ukuba abuse inhliziyo. Noma yena ethanda ukuzikhulula ekungcoleni okumshisayo kakwazi ngoba useyisigqili sakho. Uselibona iqiniso elashiwo nguNkulunkulu ngompostoli uPetru ukuthi: Uma labo abadelela umthetho kaMose bafa, pho, nithi ufanele ukushaywa kangakanani kunalokho lowo onyathele phansi iNdodana kaNkulunkulu, wadelela igazi lesivumelwano angcweliswa ngalo, wahlambalaza uMoya womusa. Heb. 10:28-31; 2 Petru 2:1-14.

Bafundi abathandekayo, lokhu kuyisimo senhliziyo yakho, khala kuNkulunkulu ekujuleni komphefumulo wakho. Uyakwazi futhi uyathanda ukukusindisa, ukukuthethelela nokukuhlanza kuzozonke izono zakho uma uza ngomoya wokuphenduka ngeqiniso. Angambopha uSathane nezithunywa zakhe zonke abakhiphe enhliziyweni yakho uma uthanda ukuba akwenze lokho. Woza, njengowayenobulephelo oweza kuJesu ekhala: ethi: 'Uma uthanda ungangihlambulula,' uJesu wathi: "Ngiyathanda: hlambuluka." UMarko 1:40-43. Kepha uma uqhubeka nokwenza lukhuni inhliziyo yakho uthanda ubumnyama kunokykhanya, kalikho ithemba lakho, ngokuba ukhetha ukufa kunokuphila; ubumnyama kunokukhanya.

## UMFANEKISO WESISHIYAGALOMBILI

Lapha sibona isoni esilukhuni sisondela ekufeni, umzimba waso ugcwele iminjunju ebuhlungu, nomphefumulo waso ugcwele ukwesaba ukufa. Ukufa (amathambo, uyise wokufa) sekufike ngesikhathi okungalindelwe ngaso, okungafuneki, kumbuka ngonya ngamehlo esabekayo azigobhe. Intokozo yesono isiyedlule, inkokhelo ephezulu yesono sekufanelwe ukuba ikhokhwe. Amalangabi esihogo asebamba umphefumulo nomoya wakhe owesabayo. Noma engafisa ukuthandaza, usefumana ukuthi akusakwazi ukuthinta nokuhlangana noNku-

Copyright ANGP

UMONA
UKUTHUKUTHELA
UKUBONGA IZITHOMBE
UBUFEBE
UKUKHANUKA
UKUBULALA
UKUNGCOLA
AMANYALA
UKUTHAKATHA
UBUTHA
UKULWA
UKWALANA
UKHWAHLUKANA
UMHAWU
UKUXOKOZELA
UKUDAKWA
UKUPHINDISELA
UKUNGAKHOLWA
Gal. 5:19-21.
Deda kimi UMat. 25:41.




**UKUFA KWESONI**

lunkulu. Amazwi angelutho enduduzo avela kubangani bakhe bomhlaba awasakwazi ukumsiza, nemicebo yakhe ayiqoqa ngenxa yokuthanda imali ayisakwazi ukusindisa umphefumulo wakhe noma unciphise izinhlungu noma welule impilo yakhe. Noma ezama ukucabanga ngoNkulunkulu, uSathane akamniki ithuba. Zonke izinto ayezithanda kulelizwe eziphilela, sezibonakala sengathi ziyambuqa, kanye nabelusi bakhe bamanga balelizwe kabasakwazi ukumsiza. Useqala ukubona ukuthi sokuyinto eyesabekayo ukuwela ezandleni zikaNkulunkulu. Wethemba ukuqondana nokuzihlanganisa noNkulunkulu embedeni wakhe wokufa, kepha usefica ukuthi kasisekho isikhathi. Izinkulungwane zabantu zifa zingasalitholanga ithuba lokumfuna uNkulunkulu embedene yabo yokufa. Kungakho-ke sitshelwa ukuba sifune uNkulunkulu esenokutholwa. Kunokuzwa izwi lenduduzo likaNkulunkulu, lesisoni esifayo, senqaba uthando nomusa kaNkulunkulu esikhathini sokuphila kwaso, sesifanele manje ukuzwa izwi lomaHluleli lithi: “Deda kimi, wena oqalekisiweyo, uye emlilweni ophakade, olungiselwe uSathane nezingelosi zakhe.” UMat. 25:41. “Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa.” Heb. 9:27.

## UMFANEKISO WESISHIYAGALOLUNYE


Lapha sibona umfanekiso woMkristu weqiniso eqinisela, enqoba izivivinyo nezilingo zenyama noSathane. Ulingwa ndawo zonke, kepha uyanqoba ekugcineni. Ungaphezu kokuba yiqhawe ngoJesu Kristu, akaqalanga nje ngokugijima umjaho wobuKristu, kodwa useyawuqeda, ebheke kuJesu umqalisi nomphelisi wokukholwa kwethu. Heb. 12:1,2.

USathane kanye nezikhonzi zakhe, uzungeze inhliziyo ekholwayo elinga ukuthola indawo yokungena, kepha uyehluleka. Ukuziqhayisa nothando lwemali, nomoya wokungalungi, kuyanqongqotha. Esekhundleni senja nengwe, sibona “Impongo nembongolo.” Njengokuvamisile isono siyazifihla ngamagama amaningi. Kepha uMkristu oqapheleyo uyasibona ngazozonke izindlela esiza ngazo noma singaze size ngendlela yenkolo, noma kanjengengelosi yokukhanya, ngokuba izwi likaNku-

Copyright ANGP

Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu.
Rom. 8:35.

Ngibonga ngesiphambano seNkosi yethu uJesu Kristu.
Gal. 6:14.



Copyright ANGP

**INHLIZIYO ENQOBAYO**

lunkulu nomoya weqiniso okungaphakathi enhliziyweni yakhe, kuyamholela kulo lonke iqiniso kumsize ukuba ehlukanise okulungile kokungalungile. Eceleni kwezilwane eziningi kanye namademoni ahamba nazo, ungabona indoda esinayo phambi kwakhe iphethe indebe yewayini noma utshwala esandleni sayo, ilinga uMkristu ngezintokozo zalomhlaba kanye neziphuzo ezidakisayo nangokusina. Kepha konke lokhu akunamsebenzi kuMkristu osegcwalisiwe, osefile ezonweni nasezweni. Kuphela konke lokhu sokumsondeza eduzane noNkulunkulu. Enye indoda imgwaza ngommese. Inhlamba, ukuhleba, nokubhuqa kanye nokwesabisa okuvela kwabangakholwayo, nokuvela kuMakristumbumbulu kuyamgwaza enhliziyweni yakhe. Kepha uyaziduduza ngamazwi avela kuJesu athi: “Nibusisiwe, nxa benithuka, benizingela, bekhuluma konke okubi ngani, beqamba amanga, ngenxa yami. Jabulani nithokoze ngokuba umvuzo wenu mkhulu ezulwini.” UMat. 5:11,12.

Isono, inyama okunguMINA noSathane kulinga ngamandla akho onke ukwehlukanisa uMkristu entandweni kaNkulunkulu. Kepha, ngokwethemba angathi: “Ngubani ozakusahlukanisa nothando lukaKristu na? Noma wukuhlupheka, noma ukubandezeka, noma ingozi noma ukuzingelwa, noma indlala, noma ukuhambaze noma ingozi noma inkemba na? Kepha kukho konke lokho siyanqoba nokunqoba ngowasithandayo.” Rom. 8:35-39. Ngoba ayehlome zonke izikhali zikaNkulunkulu, uyakwazi ukuma ngosuku olubi nangamandla oMoya oNgcwele uyayinqoba inyama nezinye izilingo. Uyakunqoba ngokuthi uKristu uphila enhliziyweni yakhe, unamandla kunoSathane nezithunywa zakhe, ngokuba lowo okithina unamandla kunalowo osemhlabeni, uSathane. UJesu wanqoba uSathane, isono nokufa nangaye senziwe abanqobile, sinakho ukunqoba sizuze umqhele wenkazimulo.

Inkanyezi yonembeza wakhe iyabonakala futhi iyakhanya. Inhliziyo yakhe ingcwele ukukholwa noMoya oNgcwele. Ingelosi kaNkulunkulu ngaphezu kwakhe imkhumbuza izethembiso ezithenjiswe labo abanqoba nabaqinisela kuze kube sekugcineni. Isambul. 2:7,11,17,26; 3:5,13,21.

Copyright ANGP

Isikhwama semali esivuliwe, sikhomba ukuthi akusiyona kuphela inhliziyo yakhe evulekile, namali yakhe nakho konke anakho konke ngokukaNkulunkulu. Kunokuba achithele inzuzo yakhe entokozweni yesono, welekelela abampofu, unikela ngokweshumi kwanakho, nangaphandle kokwelekelela kwangalekelela kukho, uyanikela iminikelo yothando. Ngayoyonke indlela usebenzisa imali yakhe ukudumisa uNkulunkulu, njengemvu enikela ngothando uboya bayo kumniniyo. Isinkwa nenhlanzi kukhombisa ukuthi uphile impilo emsulwa neyokuzithiba. Kalenzi iwayini notshwala ukudla kwakhe, kazingcolisi ngokudla igazi nazilwane ezizifeleyo. Kawuhlafuni noma awubheme ugwayi ngokuba ekhumbula ukuthi umzimba wakhe kufanele ugcinwe uhlanzekile njengethempeli likaNkulunkulu. Inhliziyo yakhe isibe yindlu yomhkuleko, kepha uyaya ezinkonzweni zesonto njalonjalo ngokuhlonipha; noma izulu lingaze libe njani. Uyawuthanda umthandazo noma endlini yakhe nangasese. Uyabaqoqa abomuzi wakhe njalo ukuba bahlangane emthandazweni ngokuba azi ukuthi ngaphandle komthandazo uMkristu akakwazi ukuphila, njengenhlanzi ingekuphila ngaphandle kwamanzi. Incwadi evuliweyo ikhombisa ukuthi iBhayibheli liyizwi likaNkulunkulu, liyincwadi evulekileyo kanye kuye ayifunda ngokuphindaphinda ngokushiseka futhi. Liwubhaqa ezinyaweni zakhe, inkemba yokunqoba uSathane, liyisinkwa esifunza umphefumulo wakhe namanzi amcisha ukoma. Kuwona uyageza ezwini likaNkulunkulu awasebenzise kanjengesibuko lapho ezibuka khona yena uqobo lwakhe ukuthi unjani.

Uyakuthanda ukuthwala isiphambano, esimkhumbuzayo ukuthi yena ubethelwe kanye noKristu, usevukele empilweni entsha, ngakho usefuna izinto zaphezulu, zangunaphakade, izinto ezibonwayo. Uzimisele ukuhlangabezana noNkulunkulu, unjengesihlahla esimile endaweni yamanzi esithela izithelo ngesikhathi saso, njengegatsha esivinini elithela izithelo eziningi Uthando olumsulwa lukaNkulunkulu lugcwalise inhliziyo yakhe ngakho akasakwesabi ukufa. AmaH. 1:1-3; Joh. 15:1-14; 1 Joh. 4:18-21.

Copyright ANGP

## UMFANEKISO WESHUMI

UJesu wathi: "Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila. Nalowo ophila akholwe yimi kasoze afa naphakade." UJoh. 11:25-26. Ozwa izwi lami, akholwe ngongithumileyo, unokuphila okuphakade; akayi ekwahlulelweni, kepha usephumile ekufeni, wangena ekuphileni. UJoh. 5:24. Ukufa kakunakwesaba nobuhlungu konguMkristu, ngokuba ukufa kuminzwe ukunqoba. "Kufa, kuphi ukunqoba kwakho na? Kufa, luphi udosi lwakho na? Kepha makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." 1 Kor. 15:54-57.

Umuntu obephilela uNkulunkulu akakwesabi ukufa. Uma sekufike isikhathi sakhe sokuba ahambe kulomhlaba, uzokuya ngenjabulo ekhaya lakhe lephakade. UMpostoli uPawule wathi: Nginesifiso sokumuka ngibe noKristu ngokuba yikhona **okuhle kakhulu.** Fil. 1:23. UMkristu uyafisa ukubona ubuso bukaJesu owamfela esiphambanweni, wamsindisa ngegazi lakhe. UMoya oNgcwele uyamkhumbuza ngamazwi kaJesu lapho ethi: "Inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Kholwani nguNkulunkulu, nikholwe nakimi. Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuya ngize nginibuyisele kimi, ukuba lapho ngikhona nibekhona nani." UJoh. 14:1-14. "Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yomuntu, uNkulunkulu akulungisela labo abamthandayo." 1 Kor. 2:9. Ngalokho alukho ulimi emhlabeni olungachaza ngokupheleleyo inkazimulo yendawo yasezulwini elungiselelwe labo abanqobayo lapha emhlabeni nabakholwa kuJesu Kristu.

Kulomfanekiso weshumi sikhunjuzwa ngokuya ekhaya kwekholwa leqiniso elikholwa kuKristu. Kunamathambo esabekayo okufa, kubonakala ingelosi kaNkulunkulu. Isilindele ukuthabatha umphefumulo ovunyelwe iwuse emuva kuNkulunkulu. Umoya nomphefumulo kususiwe emzimbeni obhubhayo, kubekwe esifubeni salowo owuthandayo umphefumulo, lowo amphilela amfela emhlabeni. Ukwamukelwa okunentokozo kumlindele

Copyright ANSP

phambi kukaNkulunkulu, njengoba iNkosi yakhe izothi kuye: "Khule, nceku enhle nethembekileyo, ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho." UMat. 25:21. USathane akasenawo amandla phezu kwakhe, kuyigugu emehlweni kaJehova ukufa kwabalungileyo. AmaH. 116:15.

"Ngase ngizwa izwi livela ezulwini, lithi: Babusisiwe abafileyo, abafela eNkosini kusukela kulesisikhathi. Yebo, usho uMoya, ukuze baphumule ekukhandlekeni kwabo, ngokuba imisebenzi yabo iyabalandela." Isambulo 14:13.

Mngani othandekayo walencwadi, sengathi uNkulunkulu angakusiza unikele inhliziyo yakho kuJesu, ngokuba wathi: 'Ndodana yami, Ndodakazi yami, nginike inhliziyo yakho.' Uzokunika inhliziyo ehlanjululiwe, afake umoya olungileyo kuwe. Ungayivumeli inhliziyo yakho ekhohlisayo ukuba ikudukise ngokulandela izinkanuko zayo ezimbi, ngokuba oyethembayo eyakhe inhliziyo uyisiwula; kodwa ohamba ngokuhlakanipha wokhululwa. IzAga 28:26. "Lahla izono zakho ubambelele ekulungeni, ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isiphiwo somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu." Rom. 6:23. Wena osunikele impilo yakho kuNkulunkulu, bambelela emazwini amahle, othandweni olukuKristu Jesu, ngokuba umazi okholwa kuye futhi uyavuswa ukukwazi ukuthi okwenzile okuphambene naye ngelanga uyakwazi. Zakhe ukhule ekukholweni, ukhuleke kuMoya oNgcwele, zibeke othandweni lukaNkulunkulu, ubheke kuJesu, umqambi nomfezi wenkolo yethu, iNkosi ezokuza masinyane eyiNkosi yamakhosi.

Copyright ANGP

"Kepha kuyena onamandla okulinde ukuba ningakhubeki, nimiswe phambi kwenkazimulo yakhe, ningenasici, ninokuthokoza okukhulu, kuye uNkulunkulu oyedwa, uMsindisi wethu ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu, makube ngokukhazimula nobukhosi, namandla negunya, kungakabikho izikhathi namanje nakuze kube phakade. Amen." UJuda 24,25.

Ezulwini kuwe Baba,
Kuyingcwel' 'mpela
Ezulwini kuwe Baba,
Kuluthab' 'mpela.
Akungen' zono khona,
Qha, nasono sinye;
Akungen' izono khona,
Qha, nasifo sinye.

Copyright ANGP

## A SPECIAL WORD FROM ANGP
## UN MONDE SPÉCIAL DE L'ANGP
## UMA PALAVRA ESPECIAL DA ANGP

**This booklet "The Heart of Man" is available in over 538 languages and dialects spoken throughout the world (Africa, Asia, The Far East, South America, Europe, etc.) Our Heart Book is now also available on cell phones, tablets, etc from www.angp-hb.co.za or as an APP "Heart of Man" on Android phones.**

**Le livre du "Coeur de l'homme" peut etre obtenu en plus de 538 langues et dialectes parles dans le monde entier, a savoir: Afrique, Amerique, Asie, Extreme Orient, Europe. Notre Livre du Coeur est maintenant aussi disponible sur votre Telephone cellular, plaques, etc. de www.angp-hb.co.za ou comme une Application "Heart of Man" sur telephones Android.**

Copyright ANGP

**Este livro "O Coracao do Homem" e obtfdo em mais de 538 linguas e dialectos falados em todo o mundo, a saber: (Africa, Asia, America do Sul, Extremo Oriente, Europa, etc). O nosso Livro O Coração do Homem tambem esta agora disponivel em telefone celular, tablets, etc. de www.angp-hb.co.za ou como um aplicativo "Heart of Man" nos telephones celulares Android.**

**The 10 heart pictures contained in this booklet are also available in the form of large coloured picture charts (86 x 61cm) bound together in a set of 10 pictures. These "Heart Charts" can be obtained with European or African features and are particularly suitable to be used in conjunction with the Heart Book for class-teaching, open air evangelization etc. Kindly contact us to ascertain the latest subsidized price of this chart.**

**Les 10 images du coeur qui figurent dans ce livre peuvent etre obtenues en tableaux de couleur, format 86 x 61 cm, avec des physionomies europeennes ou africaines. Ils peuvent etre utilises en meme temps que le livre du coeur pour des classes bibliques, a**

l'ecole du dimanche ou lors de reunions de plein air. Soyez aimable de nous contacter pour assurer les derniers prix en cours du tableau.

As 10 imagens do coracao, contidas neste livro podem ser obtidas num conjunto de 10 imagens em colorido no tamanho de (86 x 61 cm). Estes "Cartazes do Coracao podem ser obtfdos com caracterfsticas Europeias e Africanas e podem ser usados em conjuncao com o mesmo livro em classes de ensino biblico, evangelizacao ou ao ar livre. Agradeciamos que nos contacta- se para confirmacao do ultimo preco dos cartazes.



Copyright ANGP

Kindly write to us if you are able to assist us with further translations of our free Gospel literature, informing us of the language into which you could translate this Gospel literature. Your assistance would be appreciated.

If you have found salvation in Christ, or have been otherwise blessed through our Gospel literature, please let us know. We would like to thank God with you, and remember you further in our prayers.

Nous vous invitons a nous contacter pour faire des arrangements concernant de nouvelles traductions de notre litterature, nous informant de la langue dans laquelle vous pouvez traduire cette litterature evangelique. Votre aide sera beaucoup appreciee.

Si vous avez trouve le salut en Christ ou si vous avez ete beni par notre litterature, nous vous prions de nous le faire savoir. Nous aimerions remercier Dieu avec vous et prier pour vous.

Nos vos convidamos a nos contactar, afim de fazer qualquer arranjo concernente a novas traducoes de nossa literatura em outras lfnguas. Vossa assistencia sera muito apreciavel.

Se tem encontrado a salvacao em Cristo, ou se tem sido abencoado por intermedio da nossa literatura evangelica, faca o favor de nos

